ISICHASISO:
Abahlahli bendlela

Ingxenye yesibili yencwadi uGenesisi iqukethe izingxoxo eziphathelene nabahlahli bendlela ngokwenkolo yamaJuda.

Njengoba esahlukweni seshumi (10) neseshumi nanye (11) kuxoxwa ngesintu jikelele, sekuqhutshekwa-ke kuxoxwa ngoAbhraham noSara, kuqhutshekelwa emlandweni wesizwe sakwaIzrayeli: Kuthiwa-ke uMvelingqangi wayefuna ukuziphembela isizwe esesiyoba nokuthintana okunzulu naye, okuyobona nezinye izizwe ngaso ukuthi ukwethembela koPhezukonke kuletha izinhlahla namathamsanqa. Uziqokela uAbhraham umethembisa inzalo eyoba yisizwe esikhulukazi, umethembisa nomhlaba oyoba ngowakhe nezizukulwane zenzalo yakhe. UAbhraham kwanamuhla lokhu waziselwa ukholo lwakhe: Ulandela ubizo, uphuma uyaphela kwelakubo eUr kwelaseKhaldeya, uphikelela kwelezizwe uSmakade ayethé uyomkhombisa lona (esahlukweni se-12 kuGenesisi). Nòma le nzalo ethenjiswé yona ithatha kude ize ifike, ubambelele yena ezwini anikwa lona.

Base bekhulile-nje impela oAbhraham noSara ekutholeni kwabo uYisaka, indodana leyo ababekade beyilindele. Ngokuzalwa kwale ndodana sebezé bacishe balahla ithemba oSara noAbhraham, uSomandla uziveza ngentshisekelo nangokwethembeka kwakhe njengoMdali walifeza izwi ayeliniké uAbhraham. UYisaka waganwa nguRibheka, bathola amawele, oEsawu noJakobe.

UJakobe ungomncane njengoba bengamawele-nje; ngobuqili wamyenga wayengeka umnewabo, walintshontsha ilungelo lakhe lobuzibulo, yena belu ayengaligqizelé qakala nje-ke. Weqa enqené ulaka lwesibhongo, waye wayokhosela ekhaya konina eHaran, lapho agcina eganiselwé khona uLeya noRaheli, bathola ishumi nambili (12) lamadodana. Njengesiqiniselo sesibusiso uJakobe wethiwa igama elisha nguSmakade: uIzrayeli (isahluko sama-32 kuGenesisi).

Ngokuqhubeka kwengxoxo sizwa ngokuthengiswa kwendodana azithandela yona kakhulu uJakobe, uJosefa, ithengiswa ngabanewabo ngomona, beyithengisela abaseGibhithe. Ngeshwa uJosefa wangena ejele, wagcina ebe nenhlanhla yokuphuma ngenxa yesipho ayenaso sokuchaza amaphupho, wathola isikhundla esiphakeme embusweni kaFaro. Kwathi sekuhlaselé isomiso nendlala, abanewabo bakaJosefa bathunywa, bahamba baze bafika eGibhithe, bentula okudliwayo. Wagcina ebaxolele uJosefa, wabamema wabalungiselela ukuthi bathuthe, bazokwakha eGibhithe nabo (izahluko zama-37 kuya kwesama-50 kuGenesisi). Omunye wemiliba yesizwe sakwaIzrayeli wavela enzalweni yabo. Izizwe eziyishumi nambili (12) zakwaIzrayeli zizibiza ngamagama alezi zelamani ezingamadodana kaJakobe.

biblia zuluensis - ibhaybheli ngesiZulu
Convenor: Rev Dr Ben Khumalo-Seegelken
Alte Ziegelei 4 . D-26197 Huntlosen
eJalimane/Deutschland
www.benkhumalo-seegelken.de
Tel/Fax 0(0 49)44 87 - 75 02 85
biblia.zuluensis@t-online.de

29.12.2007